INOVENA KAJOSEFA OCWEBILEYO

10 - 18 MARCH 2021

<u>USUKU LOKUQALA:</u> 10 March 2021

Josefa Ocwebileyo, Mlondi weNdodana kaNkulunkulu, uJesu

Josefa Ocwebileyo, wabanenhlanhla enkulu yokubamba iqhaza emfihlweni yokuzithabathela Ubuntu njengoMlondi kaJesu. Ngaleyondlela wanakekela, wakhulisa wabuye wavikela uMndeni oyiNgcwele. UNkulunkulu wakunika inhliziyo eyayigcwele uthando olungaphezu kolwaphakade, olujulile lunamandla kakhulu kunolunye uthando lobaba olungabayilo ngokwemvelo.

Yeka ubuhle nokukhulu bebizelo owabanalo ukuba ube umyeni kaMaria Kanye nomlondi kaJesu. Emzini wakho waseNazaretha ngaphansi kokunakekelwa, uJesu, uMsindisi womhlaba walungiselela yena ukwenza oyekuthunyelwe emsebenzini wakhe.

Josefa, ngiyakuhlonipha ngiyakuncenga, ngokunxuselwa kwakho okukhulu, ukuzuza eNhliziyweni enobuNkulunkulu kaJesu wonke amagrasiya engiyadingayo ngokomphefumulo nenhlalakahle, ikakhulukazi igrasiya lokufa okuhle negrasiya elibalulekile engilicela manje ……..…….....…… **(yisho isicelo sakho)**. Mlondolozi weZwi elaba yiNyama, nginethemba lokuthi imikhuleko yakho, esikhundleni sami, izozwakala kahle phambi kwesihlalo sikaNkulunkulu. Amen.

UMKHULEKO YONYAKA KAJOSEFA OCWEBILEYO

Sibalekela kuwe Josefa Ocwebileyo sisosizini. Sithi sesicelile kumakoti wakho ocwebe cwe ukuba asisize, siyakuncenga nawe ngethemba elikhulu ukuba usilondoloze.

Siyakuncengisisa ngenxa yothando olwakunamathelisa kuMzali kaNkulunkulu, iVirigo elingenasici, nangenxa yothando lwakho olunjengolukayise, owayithanda ngalo ingane uJesu, sicela ukuba ubheke ngomusa ifa eliligugu, uJesu alizuza ngeGazi lakhe, uze uselekelele ngokusiza kwakho okunamandla thina abasosizini.

Wena Mlondolozi onakekelayo wabendlu eyingcwele, awulondoloze abantwana abakhethiweyo bakaJesu Kristo. Baba onesihe kakhulu, akusilondoloze singaze sathelwa ngesifo esithathelwanayo, esiyimfundiso yamanga nokwonakala. Wena Msizi wethu onamandla kakhulu, ake uthi usezulwini, usisize ekulweni kwethu namandla obumnyama.

Njengalokhu wake wophula uJesu eseyingane engozini enkulu yokubulawa, kanjalo-ke manje vikela iBandla eliyingcwele likaNkulunkulu, ulophule emacetsheni onke ezitha zalo nasekuhluphekeni konke. Uze usilondoloze nathi sonke ngaso sonke isikhathi, yikhona sothi sibonela kuwe, sisizwa uwe futhi, sihambe ngokulunga, size sife silungile, sifumane ezulwini ukuthokoza kwaphakade. Amen.

Asikhuleke ngesibomu sikaPhapha uFrancis:

Baba wethu,……

Yethi Maria,…….

Udumo alube ……

Josefa Ocwebileyo, Mmeli weBandla elingcwele, sikhulekele!